

PULA IMVUILA

>> GROWING FOOD >> GROWING PEOPLE >> GROWING PROSPERITY >>



UNOVEMBA
2015

HALALA, *mafama akwa- Grain SA! HALALA, thimba leGrain SA eThuthukisa amaFama!*



Waphinda futhi owamafama, abanangi bebegqoqe izingubo ze-tradition ezi-mibalabala, bebehlangene eBloemfontein bevele kulo lonke izwe laseNingizimu Afrika bezochitha usuku olumnandi ndawonye bemukela ukukhula, inqubekelaphambili nokusebenza kanzima futhi bezogubha impumelelo yabo.

BekuwoSUKU LOMGUBHO wethimba leGrain SA kanye namalungu ohlelo lweGrain SA eThuthukisa amaFama – nosuku lokukhumbula umsuka wenqubekelaphambili ngenxa yokusebenza kanzima kwamadoda nabesifazane abazinikele ngokusebenza emasimini awo nangokukhiqizela imindeniyawo ukudla kanye nesizwe.

Umoya obuzungeze le ndawo bewugcwele imisindno ephrojuswa abadlali be-marimba ohambisana nokubingelelana okunobungani njengoba abantu bebehlangana nabangani abavela ezweni lonke. Kwajatshulelwa inkomishi yetiye nama-refreshments okubamukela maqede kwafika isikhathi sokuzwa izindaba ezimandi zalabo abafike kowamanqamu nabawinile emkhakheni ngamunye kwemithathu: I-Subsistence Farmer of the Year, i-Smallholder Farmer of the Year kanye naku-New Era Commercial Farmer of the Year. Amamenjenja esifunda uJohan Kriel no-Danie van den Berg babonge amalungu ePhaneli ejajayo abahambe izinkulungwane zamakhilomitha nabaphinde babbekana nomsebenzi onzima wokukhetha abawinile emkhakheni ngamunye.

*Incwadi yeGrain SA
yabalimi abasakhulayo*

Funda Ngaphakathi:

02 | Ugogo Jane uthi...

06 | Lawula izikweletu zakho

08 | I-Grain SA i-inthavywe...
uThemba Congwane



03



07

08



Halala, mafama akwaGrain SA! Halala, thimba leGrain SA eThuthukisa amaFama!

UGOGO JANE UTHI...

KulePula Imvula kune-athikhili emayelana ne-land tenure systems eNingizimu Afrika. Ngaphandle kwe-system ye-tenure yakho, kanye nokuthi "unawo" umhlaba, into ebeluке kakhulu kwezolimo ukusebenzisa umhlaba. Empeleni sonke sisebebzisa umhlaba kuphela – ngowesizukulwane esizayo. Wonke umuntu onomhlaba kudingeka abe sesimeni sokuwusebenzisa kahle. Ukusebenzisa umhlaba okwenza abalimi bakwazi ukuzondla bona kanye nesizwe. Ngeshwa sinabalimi abanangi abanolahlaba abangawazi ukuwusebenzisa ngoba bengenayo imishini noma ama-inputs okukhiqiza – yilena ke inselelo esizama ukuyiazulula.

Siyaphinda futhi, sesiyazi ukuthi kukhona izinhlangano ezahlukahlukene ezixhaphaza abalimi zenza kwangathi ziyanbasiza. Zithi "zithuthukisa amafama" kanti zizicebisa zona kuleyo naleyo nqubo. Ngiabonile amabhajethi amanye alawo maprojekthi kanye nezindleko zokukhiqiza zivamisa ukuphindwa kabili kunalezo zamafama enza inzuko. Ukusebenzisa izinkontileka akuyona into entsha kithina sonke, kodwa ezemweni eziningi yilapho "inzuko enkulu" ifihlwé khona. Izindleko zemishini kufanele zingezi ku-R1 800/ha ekusebenzeni konke futhi akuyona into engajwayelekile ukubona amabhajethi angaphezulu kuka-R3 000/ha. Kulezi zimo, osonkontileka yibona abenza imali. Kunebhajethi eyodwa esanda kwedlula etafuleni lami bekufakwe kuyo u-R 2 000/ha ye-“identification of farmers” – yihlazo leli! Uma ubaphonsela inselelo labo bantu bathi kulgile ngoba amafama athola “isibonelelo” kuHu-lumeni. Angivumelani nalokhu – isibonelelo sivela kwintela esiyikhkhayu njengezakhamizi futhi ngeke sivumele ukuba kuxhashazwe le ntela.

Sijabule kakhulu ngephrojekthi ye-Jobs Fund esizobe siyenza eminyakeni emine ezayo – kulo nyaka sizobe sisiza abalimi abayi- 1 700 ukusebenzisa izindlela ezintsha zokukhiqiza emhlabeni wabo oyi-hektha eli-1 ezindaweni ezihanganyelwe ezisemakhaya. Akunandaba ukuthi unomhlaba omncane – kuloyo mhlaba nawe ungathola izivuno ezingangenisa inzuko. Ungawondla umndeni wakho uphinde ufake isandla kubhaskidi wokudla eNingizimu Afrika.

Thatha nanti ithuba lokukhiqiza ukudla kwesizwe sethu – nawe uyadingeka uzophonsa esivivaneni. ☺



Abafika kowamanqamu koka-2015 Grain SA/ABSA Subsistence Farmer yonyaka: U-Musawenkosi Ntombela, u-Ngubengcuka Moyo noJabulani Mbele.



...owine i-Grain SA/ABSA Subsistence Farmer yonyaka nguNgubengcuka Moyo. Siyakubongela Solomon, kusuka esinxeleni, nguJane McPherson (weGrain SA: Iminenja yoHelo Iwe-Farmer Development Programme), uRamodisa Monaisa (uMaster of Ceremonies and Vice-chairperson we-Farmer Development Working Group), uJannie de Villiers (u-CEO: we-Grain SA) no-Ernst Janovsky (Inhloko: ye-Abra AgriBusiness).

Bekubonakala ukuthi kubo bonke abaqokiwe ngamunye imsebenzi wakhe wokulima ubewukhulise ngendlela ethile noma ngenye. Abanangi baxoxe ngokukhula ngokubabazekayo kwezivuno zabo ngenxa yokuba nolwazi olungcono ngokuezewayeza okuhle ngendawo yabo kanye nokufunda kakhulu ngokubaluleka kokulawula ukhula, impilo yenhlabathi nokukhethwa kwembewu. Kuyajabulisa ukuzwa ukuthi ukushintsha okuncane kwezinto ezi-mbalwa ekulimeni kwabo kwenze umphumela obabazekayo wokukhula kwezivuno zabo kwa-bakhuthaza ukuba batshale izilimo eziningi futhi bakhulise umsebenzi wabo wokulima.

Akuve kukuhle ukuzwa ukuthi umfama oyedwa wakwazi ukondla umndeni wakhe waphinda wadaya isakusele wathola imali ukuze anakekele umndeni wakhe futhi awugcine unempilo! Emhlabeni wezentuthuko akukhona ukulima indawo

enkulu njalo okubalwayo...ubungcono ubuncane bungaguqula izimpilo ezindaweni ezise-makhaya – yilokho okubalulekile! Iningi labalimi lisitsihelile ukuthi nakuba u-2014 - 2015 bekuyisizini yesomiso, kodwa bazitholile izivuno ezi-nhle zezilimo zabo. Lokhu kwensiwe yizeluleko ezibalulekile abazinikwe yithimba nabaeqeshi bakwaGrain SA.

Amafama akhulume ngobudlelwano obuhle obuphakathi kwabo nabaeqeshi bakwaGrain SA ababasiza ngezeluleko emasimini abo. Abanangi futhi bagcizelele ukubaluleka kokwakha ubudlelwano ubuhle nabalimi abalimela ukungenisa inzuko kanye nama-agri-businesses. Omunye umfama uthe uthola isiluleko sobuchwepheshe nge-sprayer calibration/application njalo ngesizini ngoba imikhiqizo nezilanganiso zemithi kungashintsha njalo ngonyaka. Ubungcono benziwa ukulawulwa kangcono



Smallholder

U-Daliwonga Nombewu,
Lawrence Mtsweni no-Salphanius
Motswenyane kowamangamu
kowe-Grain SA/Syngenta Small-
holder Farmer yonyaka ka-2015.



Owine i-Grain SA/Syngenta Smallholder Farmer yonyaka ka-2015 nguDaliwonga Nombewu.

New Era Commercial



I-Grain SA/ABSA/John Deere
Financial New Era Commer-
cial Farmer yonyaka ka-2015
kowamangamu U-Vuyani no-
Lungelwa Kama (uLungelwa
ubengekho), uMaseli Letuka
noSolomon Masango.



U-Solomon Masango, abephekezelwa yisimomondiya esingunkosikazi wakhe, uChristina,
oyi-Grain SA/ABSA/John Deere Financial New Era Commercial Farmer yonyaka ka-2015.
Jannie de Villiers, Ramodisa Monaisa, Ernst Janovsky kanye no-Anto van der Westhui-
zen (Inhloko: ye-Retail Finance – Sub Sahara Africa, John Deere Financial) ngokuziqhenya
uhalalisele owinile.



Halala, mafama akwaGrain SA! Halala, thimba leGrain SA eThuthukisa amaFama!

kokhula, ukusampula inhlabathi, i-seed cultivar selection, ukujikelezisa izilimo phecelezi-crop rotation noku-implimenta i-no-till conservation farming. Ubungcono ubuncane bulethe imiphumela emangazayo. Amafama egcizelela ukubaluleka kwebhizinisi nokuphathwa kwezimali. Inging labo lazethamela izifundo zebhizinisi nezokuphathwa kwezimali ezethulwa abakwa-Grain SA. Bonke abawinile bathi bazethame-la mathupha izifundo ezethulwa yiGrain SA kodwa baphinda banikeza abasebenzi babo amandla ngokubathumela nabo ukuba bayofunda.

Kube yintokozo enku lu ukubona inani labalimi abaphume phambili bencoma amakhosikazi, amadodana, namadodakazi azinikele ekusizeni ngokwakha imisebenzi eyimpumelelo yezolimo ngokweseka emasimini, ekuphathweni kwehhovisi nangokusiza ekumaketheni.

Owine iGrain SA/ABSA Subsistence Farmer of the Year, 2015 nguNgubengcuka Moyo oqeqeshwa nguLawrence Lutango ovela ehhovisi laseMthatha. Ulima yonke into yakhe ngesandla futhi usenze ngcono isivuno sakhe esebezissa iplanta yesandla ne-knapsak sprayer. Siqoke ukulima sisebezissa indlela ye-no-till futhi kuyamjabu-lisa ukuthi lokhu kuyamsiza ukongela isizukulwane esilandelayo umhlabu. Uhlala esifundeni esisemajukujukwini esinezingqasizinda ezimbalwa futhi uthi inselelo yakhe enku lu isekumaketheni isilimo sakhe.

Owine iGrain SA/Syngenta Smallholder Farmer of the Year, 2015 nguDaliwonga Nombewu waseMpumalanga Kapa. Imenenja yakhe yesifunda kwaGrain SA nguVusi Ngesi ozinze eMaclear. Nakuyo le sizini yesomiso amahektha akhe ayi-13 ommbila ukwazile ukuvuna ngokwe-awareji u-4,5 amathani ihektha ngalinye. Lo mfama osemncane uthole ulukhulu ugqozi ka-ngangoba uhlela ukurenta omunye umhlabu ukuze akhulise ukulima kwakhe. Ukholelwu ukutheni kubalulekile ukusabalalisa ubungozi futhi ulima ubhontshisi owomile, amazambane kanye nesipinashi yinto ethengwa ubuthaphuthaphu endaweni futhi imfakela imali. Ubonge kakhulu unkosikazi wakhe obambisene naye kakhulu kuleli bhizinisi lokulima kanti bobabili bagxile ekuzijwayezeni ukuphathwa kahle kwehhovisi.

I-Grain SA/ABSA/John Deere Financial New Era Commercial Farmer of the Year, 2015 ngu-Solomon Masango. USolomon ulima eCarolina futhi i-Grain SA Development Co-ordinator yakhe nguNaas Gouws osanda kuthatha umhlalaphansi. (U-Jurie Mentz usanda kuthatha izintambo zo-

Amafama akhulume ngo-budlelwano obuhle obuphakathi kwabo nabaqegeishi bakwa-Grain SA ababasiza ngezeluleko emasimini abo.

bu-co-ordinator). USolomon usebenzisa i-no-till farming kanti utshala ummbila, isoya nama-sugar beans. Ugcizelele ukubaluleka kobudlelwano obuhle namanye amafama kanye nabaqegeishi abamsizayo ekuhleleni kwakhe. Ukholelwu ekutheni kubalulekile ukubheka phambili nokuhlelela isizini elandelayo kusenesikhathi. USolomon uncome kakhulu abasenzi basepulazini lakhe futhi uze abalimele amahektha ambalwa umuntu emu-nye. Ubone ingqubekelaphambili emangazayo nesivuno sakhe sikhulile sisuke ku-3,5 t/ha saya ku- 6 t/ha. Yingakho kutholakale ukuthi kumfanele ukuwina uhlabene ngomklomelo wakhe omkhulu: Igandaganda entsha iJohn Deere 5403 MFWD 48 kW. Lona ngumklomelo omkhulu ukuyedlu-yonke kwesake saba nayo sibonga ubambiswano phakathi kwabakwa-**ABSA and John Deere Financial**. Wow, umgubho omuhle kangaka! Bachiphize izinyembezi zenjabulo futhi bebengakholwa konke kuhlangene ebusweni bukaSolomon nonko-kakazi wakhe njengoba bemukela lezi zindaba.

Kwadiwa ilatshi econsisa amathe phakathi komsindo wokukizisa kanti nogandaganda iJohn Deere yayilokhu udunyiswa njalo ngamanye amafama ehalalisa ngomklomelo kaSolomon. Kancane kancane amafama abamba eze ngayo, bephindela emuva beyosebenza ngesigqi selanga namasizini – besebenza emasimini abo asonde-lene neMvelo futhi begcwele intshisekelo entsha namathembra okuthola umklomelo ngaleyso sizini.

Sibonga siyanconcoza kubaxhasi bomncintwano ngobubele babo kanye nakubo bonke abanye abeseki nabangani beGrain SA Farmer Development Programme abebezile nabo bazoba yingxenyale-LUSUKU LOMGUBHO nabo baphindela emakhaya bemamatheka nezhinlizyo zineme – ngoba ukuhlangana namafama aseNingizimu Afrika NJALO kwe-nze njalo kumuntu! Unwele olude Grain SA! Unwele olude Grain SA Farmer Development!

I-athikhili ibhalwe nguJenny Mathews, umbhali wePula Imvula. Uma ufuna imininingwane egcwele, thumela i-imeyili ku-jenjonmat@gmail.com.

USUKU LOMGUBHO



LAWULA izikweletu zakho



ozikwelata imali). Ungabagwemi. Vakashela oba-kweletayo ngamunye wena kuye wena uqobo ufiye ubachazele ngenhlekelele yakho. Sekela incazelo yakho ngamaqiniso – ukwenza isibonelo ingakanani i-avareji yomkhiqizo wakho wesikhathi eside futhi ubengakanani umkhiqizo wakho ngesizini edlule. Bachazele futhi ngamasu akho okulungisa isimo sakho. Uphinde ukweseke lokhu ngencazelio ebhalwe phansi. Makube wumsebenzi wakho ukubazisa ukuthi isimo sakho sihamba kanjani. Uzokhexa umlomo ngendlela abazokwamukelwa ngayo. Umqondo wobakweletwayo njalo into yokuqala kunakho konke ukukusize ukugcina ibhizinisi lakho – lokho kusho imali eningi kubona isikhathi eside.

Kodwa ngaphambi kokuyoxoxisana noba-kweletayo kumele wenze i-homework yakho.

Hlanganisa ibhajethi ebuyekeziwe (i-physical ne-financial plan) ucabange nangesikweletu esingakhokhiwe. Khombisa ozokwenza nokuthi uzokwenza nini nokuthi kungabiza malini nokuthi ungahe uthola malini. Bonakalisa ukuthi uzosibhadala kanjani isikweletu esisele. Ingxene yale pulane ebuyekeziwe kuzoba ukuhhafula izindleko zebhizinisi lakho kanye nezindleko eziqondene nawe. Ngamanye amagama nciphisa iholo lakho libe lincane. Hlehlisa ukuthengwa kwempahla (ukuthenga ama-asethi) uze uphume ezikweletini.

Uma uhlanganisa le bhajethi ebuyekeziwe cabanga ngamanye amasu ngokubhekisa kahle ibhizinisi lakho. Amanye amasu kungaba ukucela ukuba kukhushulwe umkhawulo wesikweletu sakho, ucele ukuba isikweletu sakhe esengeziwe sihlelwe kabusha, ungacela ukukhokha kuphela inzalo yesikweletu kuze kufike isikhathi esithile, ucabange ngokukhipha ibhizinisi elingangenisi inzuko kanye/noma ucabange ngokudayisa amasethi angenzi umkhiqizo ofana nama-impliments/izimoto ungasebenza ngaphandle kwazo. Uma ikhona imali oyilondolozile yi-sebenzise ukukhokha isikweletu – inzalo ebadalwayo njalo ingaphezulu kwenzalo oyitholayo.

I-Restructuring yemalimboleko isho ukuthi ucela ukubhadala isikweletu esisele isikhathi es-

de, noma ucela ukuba ucela ukuhoxa ukukhokha isikweletu isikhathi esithile. Khumbula ukuthi konke okwenzeyo uzokukhokhela – uzobhadala inzalo eningi. Akeko ozokusiza mahala.

Lapho ke kukuwena ukuwathatha uwasebenzise la masu. Sebenzisa imali ngokwebhajethi yakho ukugcina izindleko nezinye izikweletu zilawulekile.

Qaphela unghambe uthenga noma yikanjani ngalesi sikhathi. Zithibe – sebenzisa imali ngokwebhajethi yakho. Lokhu ukulawula izimali ngendlela efanele. Khumbula ukuthi vele uga-xele ezinkingeni futhi nguwe wedwa njengomnini/umphathi webhizinisi lakho ozotakula ibhizinisi lakho liphinde libuyeles esimeni esihle ngokwezimali. Akeko omunye ongakwenzela.

Okokugcina, ngakho kubaluleke kakhulu ukwazisa obakweletayo njalo (mhlampe okunganani kanye ngenyanga) ngenqubekelaphambili yakho. Ulwela ubukhona bebhizinisi lakho yimpilo yakho leyo. Gcina izwi lakho.

Ukugcizelela khumbula owodwa wemigomo esiyigcizelela ukuthi nonke kanye nabantu bonke, ababandakanyekayo ekulimeni, kungaba umnikazi/umphathi noma abasebenzi, bekwenza noma bengakwenzi uma kunesidingo, kuba nomthelela enzuzweni/noma ukulahlekela ebbhizinisi. Unesibophezelo esisemthethweni sokukhokha imalimboleko. Ngokungakhoki kanye nokugwema obakweletayo ulimaza ubudlelwano bakho nabo. Ukulawula izikweletu zethu ezisele ngokwemigomo ebaluliwe phambilini uzodala ubudlellwano obuhle nabo. Ngokuphatha kahle izikweletu ngendlela yemigomo ebaluliwe uzodala ubudlelwano obuhle nabo. Ubudlelwane obuhle buyi-asethi enku-ebukhoneni bebhizinisi lakho. Esikhathini esizayo uzothola ukuthi kulula kakhulu ukuthola isikweletu ngoba abantu bayakuhlonipa ukuba neqiniso nobuqotho.

I-athikhili ibhalwe nguMarius Greyling, umbhali wePula Imvula. Uma ufuna imininingwane egcwele thumela i-imeyili ku-mariusg@mcaacc.co.za.

Yiqiniso ukuthi kulonyaka ngenxa yezimo zesomiso, umkhiqizo awuhambanga ngendlela ebekulindelele ngayo noma obekufanele ube yiyo. Ngakho ke iningi lamafama acwile ezikweletini, ikakhulukazi ngezinhoso zokukhiqiza, ezingeke zikhokheke zonke noma zingakhokhwa sanhlobo.

Izikweleti ezingakhokhiwe noma okuqhutshewka nazo kuvamise ukuba izikweleti ezinkulu nezifaka ibhizinisi lakho kwenkulu ingcindezi kwezezimali kuze kube ziyabhadalwa. Ebhizinisini ilezolimo, akwenzeki ukuba kukhokhwe ukheshe futhi ngezinye izikhathi kuyaphoqa ukuba uboleke imali. Ngakho ke akuyona into entsha ukuba sesimweni esifuze lesi. Banigi abantu abake bazithola bekuyo le nkinga eminyakeni edlule. Okubalulekile kuba yindlela ubhekana naso ngayo le simo.

Zimbili izindlela zokuphatha isikweletu. Eyo-dwa ingamosha budlelwano obekade ubenzile nabanye unomphela. Lena enye ingakwenza uphile futhi ikuveze njengomuntu owethembeke kakhulu nohloniphekile kunakuqala unomlando oqinile wokufanelwa ukunikwa isikweletu.

Asikwazi ukulawula noma ukuphatha izimo ezimbi, ezikhathini eziningi yiso isizathu esidala ukuba sicwile ezikweletini ezirkulu, kodwa singakwazi ukulawula izikweletu ezisele. Phoke yini engingayenza uma ngesesimeni esifuze lesi?

Uma unesikweletu esikhulu ngokweqile hamba UKHULUME NOBAKWELETAYO (izikhungo

Pula Imvula's Quote of the Month

"Nothing can stop the person with the right mental attitude from achieving their goal; nothing on earth can help the person with the wrong mental attitude."

~ Thomas Jefferson

Uwenzile umbhede wakho manje lala ke kuwona

Uzidonselo amanzi ngomsele – lesi yisisho esidalo sivamise ukushiwu kumuntu okhononda ngezinkinga azifake yena kuzona.

Ingazifaki enkingeni ukuthathe njengento encane ukulungisa umbhede wembewu yesilimo sakho esisha sommbila. Kungenza noma kwephule isilimo sakho ngaphambi kokuba siqale ukumila futhi uwena ozokhala ngenkinga eyiphutha elenziwa uwena!

Yiqiniso ukuthi izinto eziningi zizoba nomthelela ekugcineni esivunweni sanoma yisiphi isilimo kunoma iyiphi isizini. Ku-athikhili yaphambilini ukubaluleka kokunakekelwa kwe-planter kanye nokukhalibrehtha kwe-planter kuxoxiwe ngakho futhi kwaqhakambisa ukubaluleka kwe-seed placement eqondile kanye nenani lezitshalo elidingekile kodwa UMA LEYO MBEWU ingabekiwe embhedeni wembewu olungiswe kahle, nakho lokho kungawumosa wonke umsebenzi omuhle owenzive wokutshala!

Ngesinye isikhathi sibusisekile njengezinye izifunda eziningi kolo nyaka, ngezimvula ezhinle zokuqala ezisiniike isikhathi esiningi sokulungisa umhlabathi wokutshala. Kodwa lokho futhi kuza nenselelo yokhulu lokuqala notshani okufanelwe kulawulwe ngoba awufuni ukuba lo mswakama omuhle kangaka omoseke okhuleni.

Umbhede wembewu omuhle uqala ngamalungiselelo akho okuqala, noma ulima ngokwemvelo njengokutshala, ukonga noma i-minimum tillage ngokusebenzia i-tined implements, noma i-no-till. Njalo udingga, umbhede wembewu omuhle nololongekile ozofaka kuyo imbewu yakho.

Isikhathi sokulungisa umbhede wembewu naso sibalulekile njengoba imiphumele ngeke ibe mihle uma inhlabathi yakho imanzi kakhulu noma yome kakhulu. Loku kungabonakala ngokwenza

iisivivinyo ngesandla ngokucaphuna inhlabathi bese uyayicindezela. Ngabe izwakala inamatheba? Ungalenza yini ibhola elibumbene? Uyayenza iribhoni uma uyicindezela phakathi kwestithupa nomunwe wokukhomba? Uma lokho kuyiqiniso lokho kusho ukuthi muningi ngokweqile umswakama ukuba ungaqala ukulungisa umbhede wembewu.

Inhlabathi elungele ukulungiselwa umbhede wembewu kufanele ivuthuluke kalula phakathi kweminwe yakho. Awufuni ukwenza amalungiselelo okugcina ngesikhathi inhlabathi imanzi ngokweqile noma yome ngokweqile! Ngakolunye uhlangothi uzoba ne-seedbed ecoysisakele kakhulu engacinana ngaphezulu futhi kungaba lula ukuba iphephuke uma kufika umoya (ukuguguleka komoya) noma uma wome kakhulu unga-ba namagabade amakhulu ngokweqile angeke abhidlike futhi azophazamisa ukuthintana wenhlabathi-yembewu lokho kuzokwenza imbewu ingaqhumu kahle. Uma umbhede wembewu ukahle nje isibonelo: engacoyisakele kakhulu futhi udlakazeke kakhulu, ukuhleleka noma ukulingana ngesinye isinyathelo esibalulekile esilandelayo.

Uma umbhede wembewu umi ngendlela okufanele ume ngayo, ivumela imbewu ukuba ifakwe ekujulenli okulingene nezitshalo zizoba sethubeni elihle lokuqhuma kanyekanye zimele isitendi esilinganayo. Ukudepha kokutshala nakho kungenze kaufanane lokho kukhuthaza ukuqhuma kwembewu kanyekanye futhi ikhule ngokulunganayo. Lokhu kusiza imbewu incintsane ngamanzi ngokulunganayo kanti amanyuthriyenti akhona enhlabathini azoletha isivuno esingcono.

Inqubo yokulungisa umbhede wembewu iphumelelisa izinto eziningi njengo:

- Kubulala ukhulu ngaphambi kokutshala;
- Kuhlanganisa izinsalela zesitshalo, umanyolo, amanyuthriyenti kanye nama-hrebicides enhlabathini;
- Inciphisa ukucinana kwenhlabathi;

- Ibuyisela inhlabathi engaphezuli inciphise ukuguguleka kwenhlabathi;
- Yenza i-planter ukuba iplanta ifake imbewu ngokudepha okungaguquki nezikhala ezilinganayo;
- Ukonga umswakama wenhlabathi;
- Urukwenza umswakama wenhlabathi ongaphansi kwembewu ukhuphukele embewini njengoba inhlabathi engaphezulu ilahlekewa umswakama;
- Kunciphisa amagabade ekujulenli kwembewu ukuze inhlabathi ithintane kahle nembewu ngenkathi yenza amagabade ngaphezulu inciphisa ukuguguleka kwenhlabathi; futhi
- Kunciphisa uqweqwe kuvimbele imbewu ukuba imile ngokulunganano.

Khumbula njalo ukuthi nakuba imbewu yombila ibukeka iyinkulu futhi iqinile, yizimpande ezisathambile ezincane okudingeka zikhule embhedeni wembewu kanti kunzima ukuba zikhule enhlabathini ecinene. Uma izimpande zingakwazi ukungena enhlabathini ngaleso sikhathi ukukhuphuka komswakama namanyuthriyenti kuyancipa lokho vele sekunciphisa amathuba esivumo esihle kule-sigaba sokuqala.

Umbhede wembewu kufanele ulungiswe ngaleso sikhathi ngenhlosa yempumelelo eshesha-yo, ukumila ngokulunganayo kanye nokukhula okungenazo ezihibe kusaqala. Okunye futhi lokhu kungenziwa ngesikhathi esisondele kakhulu nokutshala kodwa uma kuba nemvula phakathi sokulungisa umbhede wembewu nokutshala, bekezelu futhi ulindele imhlabathi ukuba yome ngokwanele ngaphambi kokuba utshale. ⚪

I-athikhili ibhalwe ngu Jenny Mathews, umbhali wePula Imvula. Uma ufuna imininingwane egcwele, thumela i-imeyili ku-jenjonmat@gmail.com.



Sebenzisa noma yini oyitholayo.



Umhlaba muhle futhi uyabuthuka.



Umbhede wembewu olungisiwe – amagabade ambalwa makhulu kakhulu.

Ithimba labahleli

GRAIN SA: BLOEMFONTEIN

Suite 3, Private Bag X11, Brandhof, 9324
7 Collins Street, Arboretum
Bloemfontein
► 08600 47246
► Fax: 051 430 7574 ▲ www.grainsa.co.za

UMHELI OMKHULU

Jane McPherson
► 082 854 7171 ▲ jane@grainsa.co.za

**UMHLELI
UKWABA**

Liana Stroebel
► 084 264 1422 ▲ liana@grainsa.co.za

**IMIDWEBO, ISAKHIWO KANYE
NOKUSHICILELA**

InfoWorks
► 018 468 2716 ▲ www.infoworks.biz



**IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI
NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:**

IsiZulu,
IsiBhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

**Uhlelo IweGrain SA
LokuThuthukisa amaFama**

ABAQONDISI BENTUTHUKO

Danie van den Berg
Free State (Bloemfontein)
► 071 675 5497 ▲ danie@grainsa.co.za

Johan Kriel

Free State (Ladybrand)
► 079 497 4294 ▲ johank@grainsa.co.za
► Office: 051 924 1099 ▲ Dimakatso Nyamboso

Jerry Mthombothi

Mpumalanga (Nelspruit)
► 084 604 0549 ▲ jerry@grainsa.co.za
► Office: 013 755 4575 ▲ Nonhlamlala Sithole

Jurie Mentz

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)
► 082 354 5749 ▲ jurie@grainsa.co.za
► Office: 034 907 5040 ▲ Sydwell Nkosi

Graeme Engelbrecht

KwaZulu-Natal (Louwsburg)
► 084 582 1697 ▲ graeme@grainsa.co.za
► Office: 034 907 5040 ▲ Sydwell Nkosi

Ian Househam

Eastern Cape (Kokstad)
► 078 791 1004 ▲ ian@grainsa.co.za
► Office: 039 727 5749 ▲ Luthando Diko

Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)
► 084 264 1422 ▲ liana@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8057 ▲ Hailey Ehrenreich

Du Toit van der Westhuizen

North West (Lichtenburg)
► 082 877 6749 ▲ dutoit@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8038 ▲ Lebo Mogatlanyane

Julius Motsoeneng

North West (Taung)
► 072 182 7889 ▲ julius@grainsa.co.za

Articles written by independent writers are
the views of the writer and not of Grain SA.

I-Grain SA i-inthavywe... uThemba Congwane



Ujurie Mentz, oyi-Development Co-ordinator yethu eVryheid, u-inthavywe uThemba Congwane kulolu shicilelo Iwe-Pula Imvula. Uthando lukaThemba lokuba ngumfama Iwaqala esemncane, njengoba wakhulela epulazini nephupho lakhe ukuba ngumfama oncono futhi uhlela ukuphumelela kulosku ngokufuna ulwazi nokusebenza kanzima ukuze afeze izinhloso zakhe.

Ulima kuphi futhi mangakhi

amahektha ovalimayo? Yini oyilimayo?

Okwamanje ngilima amahektha ayi-186 epulazini engalithola ngenqubo yokubuyiswa kwemihlabba. Ngaqala ngokutshala amahektha ambalwa ommbila ngawakhulisa njengoba ulwazi Iwami luya lukhula ngokuhamba kwesikhathi. Ngesizini edlule ngitshale amahektha angama-60 ommbila futhi nighlela ukutshala amahektha angama-90 ezilimo kule sizini ezayo. Ngihlela ukutshala isoya kule sizini ezayo ukwenza i-crop rotation ngitshale nombila kancane. Kanti futhi sinama-layers ayi-2 000 kanye nomhlambi wezinkomo ezingama-30.

**Yini ekugqugquzelayo/
ekufakela ugqozi?**

Intu engigqugquzelu kakhulu ukuthi uma ngijeqeza emaceleni ngibona amafama angenisa inzuzo. Ngibe nothando lokuba ngomunye wowo. Umuntu owangigqugquzelu kakhulu ngu-Mnu David Goosberg owaqokwa yi-AFGRI nowayengumqequeshi wami wokuqala. Umuntu kufanele azikhangle futhi asebenze kanzima efamu azibekelo namagoli.

Chaza emandla akho nebuthakathaka

Amandla: Amandla ami amakhulu ngumndeni wami ongeseka njalo nokuthi ngizinikile kulokho engifisa ukukuzuza. Futhi ngikholelwu ekufundeni nokuqequesha, njengoba ubuchwepheshe bu-guquka njalo. Umuntu kufanele azithuthukise ngengqequesha ukuze abe ngumuntu ongcono.

Ubuthakathaka: Ubuthakathaka bami obukhulu ukuthi ngingumuntu owehlulekayo ukubekezelu nokuthi mhlawumbe ngingathanda ukukhulisa ibhizinisi lami lokulima masinyane kakhulu.

**Wathola isivuno esingakanani sesilimo
sakho ngesikhathi ugala ukulima? Uthola
isivuno esingakanani okwamanje?**

Isivuno sesilimo sami sommbila sokuqala ngqa kwa-ba amathani ama-4/ha kanti kulonyaka ngaphandle kokuba lomise kakhulu futhi kunezinselo ngikwazile ukuthola u-7,8 wamathani ommbila/ha. Ngiyakhwala ukuthi lokhu ngikuthole ngoba ngashasha ngatshala noma ngesikhathi esifanele kanye na-

ngokuhlala ngikhona efamu lami zonke izinsuku. Ngikholelwu ekuzibambeleni ngezandla zami kanye nasekunakekeleni kahle impahlia yami yokusebenza ngaphambi kokuba kuqale sisizini. Ngiyaqhubeuka nokuthungatha ulwazi ukuze ngizithuthukise kancono kanye nokulima kwami futhi angesabi ukubusa komakhelwane bami abalimela ukungenisa inzuzo ukuthi into yenziva kanjani.

**Ngabe usuthole yiphi ingqequesho
kuze kube yinamuhla kanti futhi iyiphi
ongathanda ukuqhubeka uyenze?**

Ngiqedo izifundo ze -Introduction to Maize, Advanced Maize, Isoya, i-Farming for Profit kanye ne-On-farm Maintenance kuze kube manje kodwa ngisathanda ukufunda kabanzi nge-no-till, ukukhanda injini kanye nokunye ukuqequesha ukuze ngibe sesimeni esincono.

**Uzibona ukuphi eminyakeni emihlanu?
Yini ongathanda ukuphumelela kuyo?**

Eminyakeni emihlanu ngingathanda ukuba nepulazi elikhulu – mhlampe ngitshale inani eliphindwe kabilo lamasimu angiwalimayo kanye nempahla engcongo yokusebenza nogandaganda. Futhi ngingathanda ukusenza ngcono isivuno sami. Lapho ngingathanda ukusiza ngokudlulisela ulwazi Iwami kwabanye abalimi endaweni.

**Yisiphi iseluleko ongasinika
abanye abalimi abasebancane?**

Isiluleko sami engisinika abalimi abasebancane ukuthi kufanele babekezele, bafune ulwazi futhi basebenze kanzima ukufeza izinhloso zabo. Ngithanda ukubaggugquzelu ukuba banganikezelu emaphusheni abo futhi bazibekelo amagoli afekzayo baphinde bakhumbule ukuthi ukulima yigoli lesikhathi eside.

**I-Athikhili ibhalwe ngujurie Mentz,
i-Development Co-ordinator ye-Grain SA
Farmer Development Programme, eVryheid.
Uma ufuna iminininingwane egcweli thumela
i-imeyili ku-jurie@grainsa.co.za**

THIS PUBLICATION IS
MADE POSSIBLE BY THE
CONTRIBUTION OF
THE MAIZE TRUST